



UNKK NOMAGUGU SIMELANE, UNGQONGQOSHE WEZEMPILO

GOMELA IGCIWANE LE-COVID-19 UVIKELE IMPILO YAKHO



Zakhamuzi zaKwaZulu-Natali,

Ngokubambisana, SESIHAMBE ibanga ELIDE futhi SISAZOQHUBEKA nempilo uma sithatha isinqumo esiphusile sokuthi siphume SIYOGOMA MAHHALA HHA, sigomela leli gciwane likamashayabhuqe i-COVID-19.

Sekuyisona sikhathi njengamanje lesi sokuthi leli thuba eliyinqayizivele lokuthuthukisa impilo yethu silibambisise ngezandla zombili ukuze sizovikeleka.

Isigaba sokuqala sohlelo lokusatshalaliswa komgomo lapha e-KZN okungesokugoma abasebenzi bezempilo okuyibona abasezimpondweni zokulwa le mpi, sesivele sesiqalile.

Sifisa ukubabonga futhi sibancome bonke abasebenzi bezempilo abaphume ngobuningi babo bazogoma.

Kuze kuzoba yimanje, sesigome abasebenzi bezempilo abangaphezulu kwabangu 8500 kule migomo engu 10 800 esasithunyelelwe yona kulo mthwalo wokuqala.

Sithanda ukugqugquzela nalabo abangakezi ukuba beze bazothatha eyabo.

Uhlelo lokusatshalaliswa komgomo luzobe lulokhu lusatshalaliselwa nakwezinye izibhedlela (ukwengeza kulesi sase-Prince Mshiyeni Memorial nesaseNkosi Albert Luthuli) bese kufakwa nezigaba ezilandelayo zabantu, njengoba isifundazwe silokhu siqhubekile nokuthola imithwalo yalo mgomo.

Ekugcineni, wonke umuntu uzowuthola umgomo (umnokoloto), kodwa okwamanje lolu hlelo lusatshalaliswa ngokwalezi zigaba ezilandelayohe:

Isigaba sokuqala

Abasebenzi bezempilo okuyibo abasophondweni lempi

Isigaba sesibili

Abasebenzi abenza imisebenzingqangi, abantu abangaphezulu kweminyaka engama-60 yobudala nalabo abaneminyaka eyi-18 nangaphezulu abaphila nezinye izifo

Isigaba sesithathu

Nabo bonke abantu abaneminyaka yobudala engaphezulu kweyi-18

Ukugoma bekuvele kuyingxenye yempilo yethu kusukela sizalwa njengoba kwenzeka kuzo zonke izizukulwane. Ngempela akumele sibe novalo njengoba nawo lo mgomo uzosebenza ngendlela efanayo nalena yezinye izifo ezifana njengesifo sovindle (polio), ingxibongo (chicken pox), isimungumungwana (measles) nezinye eziningi. Sizokwazi ukugoma bonke abantu (kuzogonywa abantu abangamaphesenti angama-60) uma sizophuma ngobuningi bethu sizogoma.

Ngempela kusezandleni zethu ukuthi sizakhele thina ikusasa lethu futhi siqinisekise ukuthi siyakuthokozela ukuphila isikhathi eside futhi siyimiqemane.

Masizenzeleni thina, imindeni yethu, imiphakathi yethu, isifundazwe sethu esihle, izwe lethu elihle kanye nezizukulwane zangomuso.

Sithanda ukubonga izakhamuzi zaKwaZulu-Natali ngokuseseka kwazo nangokulandela yonke imithetho yezokuphepha egciwaneni lobhubhane i-COVID-19 ; nangendlela eziziphatha ngayo.

Yize kunjalo, kodwa masingabi-ke nobudedengu njengoba sehlela esigabeni soku-1 semvalelwakhaya (lockdown).

Kusadingeka ukuthi siqhubeke nokwehlisa amathuba okuthi sitheleleke ngokuthi:

- Sigqoke izifonyo (amamaski) ngaso sonke isikhathi;
- Sigeze izandla ngamanzi anensipho noma sizihlanze ngesibulalimagciwane esithakwe ngokusatshwala, bese
- Siqhelelana ngebanga elifanele nabanye abantu.

Zikhethela ukuthi ugome bese uhlala uphephile!!!

**KUSE-
ZANDLENI
ZETHU**



GOMELA I COVID-19



GQOKA ISIFONYO



**ZIQHELELANISE
NEZIXUKU ZABANTU**



GEZA IZANDLA



KWAZULU-NATAL PROVINCE
HEALTH
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA



KwaZulu-Natal Department of Health



KZN Department of Health



kznhealth



@kznhealth

**STAY
SAFE**
SAVE SOUTH AFRICA

TOGETHER WE CAN BEAT THE CORONAVIRUS

**GROWING
KWAZULU-NATAL
TOGETHER**